**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIVIVINYO SESIGAMU SONYAKA WEZI -2017**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESHUMI NANYE ( Grade 11)**

**IPHEPHA LESIBILI (P 2)**

**AMAMAKI : 70** **ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qaphela ukulandela imiyalelo oyinikiwe umbuzo ngamunye.
- Phendula ngolimi **lwesiZulu.**
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini elisha.
- Bhala ngobunono nopelomagama elifanele.

**ISIQEPHU A:**

**AMANYAL' ENYOKA – MANDLA NDLOVU**

1. Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

> "Ngithi ngifuna imali yami, Pat!"
>
> "Khohlwa, akukho mali wayinuka la!"
>
> "Umthetho wakho ufuna ukubonani? Usungikhohliwe ukuthi ngingubani?"
>
> "Uhlale ukwenza kukulungela, Thiza. Kudala kwasa uqola abantu izimali zabo. Ufike kwangqingetshe-ke namuhla ..." waphulwa ulimi uPat osevevezela izindebe zomlomo ngenxa yentukuthelo.
>
> "Uzoyimela le nto oyenzayo, Pat?" ngokukhulu ukufutheka lokhu.
>
> "Yebo ngizoyimela."
>
> "Ngilindele-ke ngisendleleni eza lapho," wayincisha impilo iselula yakhe umfo kaThusi.
>
> Kwasa ngokunye manje kuPat nokho owayengenayo ingebhe entanyeni njengexoxo. Nakuba wayengamazeli lutho olungako uThiza kodwa wayazi kahle ukuthi uzwana nezinswelaboya. Iningi labantu ababekweleta uThiza lalifa ngendlela engaqondakali. Okubuhlungu ngukuthi akekho owayegcina ngokushushiswa ngalokho kufa.
>
> Wacabanga kaningana ngokumele akwenze uPat. Wakhumbula izimpintshi kanye neziqhwaga ezingamtakula ezinswelaboyeni zikaThiza. Enzenjani ayithinte igenge yakhe? Zawuma emthumeni. Wasikaza ukufonela amaphoyisa nawo wawabona engeke amsiza kangako.
>
> "Uyahlanya uThiza angeke aze ayinuke imali yami," wanxapha kakhulu uPat ekhuluma yedwa.

1.1. Ngubani igama likaPat eliphelele? (1)

1.2. Eyani le mali ebaselwa uThiza kuPat? (1)

1.3. Kungani uPat ebona kufanele angamniki uThiza le mali akhala ngayo? Xoxa ngamaphuzu **amathathu.** (3)

1.4. Zinyathelo zini ezathathwa uThiza ukuzama ukuthola imali yakhe KuPat ? (2)

1.5. Ucabanga ukuthi ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

1.6. Lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje.Fakazela lesi sitatimende **ngamaphuzu amathathu** (3)

1.7. Ngabe isihloko siyahambisana yini nendaba isiyonke? (1)

1.8. Yiziphi izinto **ezimbili** ezinkulu ezilahlekela uPat ekupheleni Kwenoveli. (2)

1.9. Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini esingenhla:

1.9.1. Akukho mali wayinuka la. (2

1.9.2. Waphulwa ulimi uPat. (2)

1.10. Ngokubona kwakho umlobi uveze uSindi engumlingiswa onjani kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

1.11. UPat yize ethukuthele kodwa unovadlwana ngoThiza.Bhala izizathu ezimbili ezenza abe novalo ngokuxabana noThiza. (2)

1.13.Lukuphi uvuthondaba lwale noveli? (2)

1.14. Kungabe isiphetho sendaba besilindelekile? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2. Phendula le mibuzo ngokuthi **yiqiniso noma yiphutha**

1.2.1.Uyise wengane kaPat uMthunzi wayesenyuvesi Ongoye. (1)

1.2.2. Amaphoyisa abopha uPat athi aphuma esiteshini iPlessislaer. (1)

1.2.3.UTebogo ngowakwaBaloyi isibongo sakhe. (1)

1.2.4. Kubo kaLindo kwakukwa 755 Magwaza Road, IMbali unit 3. (1)

1.3. Khetha impendulo okuyiyonayona kulezi ozinikiwe.Bhala **uphawu kuphela.**

1.3.1 IGolf eyayihamba uTebogo yayimnyama ngombala, inalezi zinombolo:

A. LFG 778 GP

B. FGL 778 GP

C. LFG 776 GP (1)

1.3.2 Igama lenja yoSindi noPat u....

A. uDinosaur

B. u-Alex

C. uScorpion (1)

1.3.3 USindi wayenza lezi ziqu eNyuvesi yakwaZulu Natali.

A. zeCommerce

B. zeSocial Sciences

C. zeBPaed (1)

1.3.4. UPat wayeyinhloko yamahhovisi ale nhlangano.

A. IGuys and Ladies network

B. IGays and Lesbians network

C. ILesbians association (1)

**ISAMBA SESIQEPHU :35**

**ISIQEPHU B: KUSA KUSA – S.P. NHLEKO**

2.Fundisisa isiqephu bese uphendula imibuzo engezansi **ngemisho ephelele.**

*(Emqashweni ekamelweni likaZenzile.*
*Kusebusuku, kuhlangene izintokazi ziyaxoxa.)*

**SEBENZILE:** *(Ebalisa)* Kazi umuntu uzoba yini manje njengoba uBonga esephelelwe umsebenzi?

**ZENZILE:** *(Emangala)* Hawu, umphelele kanjani uBonga umsebenzi ebezisebenzela kahle kangaka?

**SEBENZILE:** Badiliziwe, kuthiwa inkampani ngeke isakwazi ukubagcina. Seyidinga abantu abambalwa ngenxa yesimo somnotho.

**FAKAZILE:** Zabuhlungu-ke mngani lezi zindaba ositshela zona.

**ZENZILE:** Useyoqala phansi-ke afese, nampa noVusi bayafesa abapheli ithemba, kuyoze kubalungele. Nawe nje uzohlalela ethembeni njengathi esithandana nomahlalela.

**SEBENZILE:** *(Ngokuhleka)* He! He! Ubani yena? Mina lo ngeke ngiyimele leyo nto. Ngasuka le kithi eMdumbe ngizokwenza imali lapha eNyukhasela. Okwakabani nje ukuthandana nendoda engasebenzi. Ngiyaxolisa impela ngeke ngilunge. Akavele akhohlwe nje uBonga ukuthi usenentombi lapha kimi. Akayozama engxenye.

**ZENZILE:** Hawu kodwa Sebenzile, waze wanesihluku. Awusamniki nesikhashana, ake athole omunye umsebenzi?

**SEBENZILE:** Ngeke ngikwazi Zenzile. Kungasa ngifile! Ngimfunge ubaba ongizalayo!

**ZENZILE:** Mhlawumbe bazobuye bababize uma isiphinde yasimama futhi inkampani yabo.

**SEBENZILE:** Kuyobe kunini? Phela isikhathi siyahamba Zenzile.

**ZENZILE:** Umbuzile yini ukuthi badilizwe unomphelo noma bayophinde bababize futhi?

**SEBENZILE:** Angizange ngilokhu ngizihlupha ngemibuzo eminingi! Nginele ngezwa nje ethi usumphelele umsebenzi nganela. Kusale kancane ngimtshele ukuthi njengoba esephelelwe umsebenzi nje, nami ngiphelelwe uthando.

2.1. Yini eyenza usebenzile abalise kangaka engxoxweni yakhe? (2)

2.2. Zinto zini ezizomlahlekela uSebenzile ngokudilizwa kukaBonga emsebenzini? Bhala **okubili.** (2)

2.3. Isimo senhlalo kulo mdlalo siyahambisana yini nesizinda umlobi Asikhethile? Sekela impendulo yakho. (3)

2.4. Badilizelweni oBonga emsebenzini ngokuchaza kukaSebenzile? (2)

2.5. Tomula umusho esiqeshini okhombisa ukuthi uSebenzile angeke akumele ukungasebenzi kukaBonga. (2)

2.6. USebenzile uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqephu? Sekela Impendulo yakho. (2)

2.7. Laba bangani bangabangani beqiniso noma cha? Sekela impendulo Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

2.8. Bazofana kanjani uBonga nesoka likaZenzile uVusi ? (2)

2.9. Ngokomdlalo owufundile umuntu onjani umahlalela? (1)

3.Fundisisa isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**VUSI:** *(Edumala)* Hawu! Waze wadlala ngomsebenzi umuntu ewufuna kangaka!

**SIFISO:** Kwaba yikho-ke ukuxoshwa kwakhe.

**VUSI:** Inkosi impela, amathanga ahlanzela abangenamabhodwe[2].

**SIFISO:** Kunjalo impela nsizwa yakithi.

**VUSI:** Kwase kuqashwa omunye esikhaleni sakhe?

**SIFISO:** Yebo phela kwaqashwa omunye. Nenduna yasibuza ukuthi uhlala kuphi ngoba yathi wawuyikhalele kakhulu ngomsebenzi, kuyilapho nalapho uhlala khona singazi.

Yahamba-ke yabuya nenye intombazane.

**VUSI:** Nganebhadi-ke bafowethu.

**SIPHAMANDLA:** Kumele usinike izinombolo zakho zocingo lapho sizokuthinta khona. Mhlawumbe isazophinda ikubuze futhi induna.

**VUSI:** *(Ekhipha ucingo lwakhe.)* Unganginikeza ezakho.

*(Banikezane izinombolo zabo zomakhalekhukhwini, bobathathu.)*

3.1.Ubani igama nesibongo salo okuthiwa udlale ngomsebenzi? (2)

3.2.Wayesebenza kuyiphi indawo lo owadlala ngomsebenzi? (1)

3.3. Wenzani lo owadlala ngomsebenzisa eyamxoshisa emsebenzini?

Xoxa ngamaphuzu amathathu (3)

3.4. Sizathusini esenza bangakwazi ukutshela uVusi ngesikhala somsebenzi esabe sesivulekile. (1)

3.5. Isimo senhlalo sikhomba isikhathi samanje emadolobheni ngokwalesi siqephu.

Bhala amaphuzu **amabili** afakazela lesi sitatimende. (2)

3.6. Sichaza ukuthini lesi simo sokukhuluma ngokwalesi siqephu esisetshenziswe kuso:

**Amathanga ahlanzela abangenamabhodwe.** (2)

3.7.Ubani isibongo senduna le okukhulunywa ngayo? (1)

4.Phendula le mibuzo ngegama elilodwa

4.1.Umdlalo othi ' Kusa Kusa ' wenzeka edolobheni i………… (1)

4.2. UFakazile ungowokuzalwa kwa…….. (1)

4.3. Isibongo sikaSphamandla u…….. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE:70**